**INKULUMO KANGGQONGQOSHE WEZEZIMALI KWAZULU-NATAL EMCIMBINI WOKUNIKELA NGENYUMFOMA EZIKOLENI EZINTATHU, EMKHANYAKUDE.**

**MACABUZELA PRIMARY SCHOOL, HLUHLUWE.**

**12 APRIL 2022**

***Mqondisi wohlelo***

***IMeya yesiFunda saseMkhanyakude; Cllr S Mdaka***

***Izimeya zonke zomaspala bobane***

***Amakhansela***

***Amakhosi nezinduna***

***Izikhulu zikaHulumeni***

***Othisha nabantwana***

Ngiyanibingelela nonke egameni lemfundo.

Kuyangijabulisa kakhulu ukuthi ngibe nani namuhla ekuseni silapha endaweni yaseHluhluwe ukuzonethulela okuncane esizama ukufaka kukona isandla njengabantu abajutshwe yinina ukusiza ngobuholi.

Sifika kunina nje kuqondene nokugubha inyanga yeNkululeko. Bakhona abangangitshela ukuthi sayitola nini inkululeko kulelizwe nokuthi mingaki iminyaka? *(By show of hands*).

Inkululeko abanye bethi abazabalaza ukuthi siyithole isho izinto eziningi okubalwa kuzo ilungelo lokuthi umntwana nomntwana aye esikoleni futhi afunde ngaphansi kwezimo eziphephile. Futhi njengoHulumeni sakubona

kubalulekile ukuthi ukufinyelela esikoleni asikwenze kube lula ngokuthi labo bantwana abahlala kude sibahlinzeke ngezokuthutha lokhu esikubiza nge-scholar transport.

Ngeke sikubukele phansi ukuba khona kwezikole ikakhulukazi lezi zasemakhaya ngoba yizona ezithwele kakhulu abantwana bethu abaphila emakhaya anobuphofu. Futhi umlando uyasitshela ukuthi lezizikole saqalwa izingqalabutho emiphakathini yethu ezaziphokophelele ukuthi ingane yomuntu omnyama ibe nekusasa eliqhakazile.

*Bothisha bami,*

Kungakho kwisabelo-mali esisethule ngenynga edlule uMnyango wezeMfundo esiFundazweni uthola imali eningi kakhulu engango-R57.5 billion ukuze ubhekane nomsebenzi omkhulu nomningi owenziwa uMnyango wezeMfundo. Lapha ngingabala ukuthuthukiswa kwengqalasizinda, ukwakhiwa kwamagumbi amasha nezikole ezintsha, ukondliwa kwabantwana ezikoleni kanjalo.

Angikuveze nje ukuthi uMnyango kulesiFundazwe saKwaZulu-Natal oholwa uBaba ukwazi Mshengu unezikole zomphakathi ezingu 5 807 futhi kunabafundi kuzona abangu 2.6 million. Bese kuba ezingu-75 esizibiza ngothi ziSpeshali ngoba kufunda khona abafundi abanezidingo ezehlukile njengalaba abaphila nokukhubazeka engicabanga ukuthi lesikole esikusona namuhla esinye sazo. Kukhona nezizimele izikole ezingu 131 futhi zinabafundi abangu 32 153.

Lokhu kukunika isithombe esicacile ukuthi uHulumeni ubheke nomkhulu umsebenzi lona wokwakha umntwana omnyama wom-Afrika

Angiqale nje inkulumo yami efingqiwe ngokuthi sedlulise ukuxolisa ukuthi lomcimbi omncane usuthathe isikhathi ukuthi wenzeke ngenxa yezimo eziningi esike sabhekana nazo kulonyaka. Umsebenzi kaHulumeni esibhekene nawo usho ukuthi kumele sizame ukuhambela zonke izindawo bese kuthatha isikhashana ukuthi sifike nakwezinye izindawo. Kodwa sibonga ukuthi ithuba selize lavela safika khona la eMacabuzela.

Ngicela ukuqala inkulumo yamo ngokuthi ngicaphume enkulumweni ethile yeqhawe lethu uMadiba ethi: ***"Imfundo iyisikhali esikhulu ongasisebenzisa ukushintsha izwe…amandla emfundo ahamba edlule nokuthuthukiswa kwamakhono esiwadingayo ukuphumelelisa umnotho. Imfundo isiza ekwakheni isizwe nokubuyisana….umqondo okahle nenhliziyo enhle kunamandla kakhulu,".***

Iyona lento esiyishoyo singuHulumeni wesiFundazwe ukuthi imfundo ibalulekile futhi siyibeke eqhulwini. Siyakuqonda futhi siyakwazi ukubaluleka kokufunda nokufundisa. Siyazi ukuthi ikusasa lezingane zethu lincike kakhulu ekuzikhandleni kwethu njengabazali kanjalo nothisha bonke. Siyaqonda ukuthi ukuba khona kwengane eklasini nothisha lokho kuyisisekelo sokwakha ikusasa eliqhakazileyo futhi sivikela impilo yangomuso.

Siphinde siqonde ukuthi ukufunda kudinga izinsiza ezithile ukuze impilo yengane ibe ngcono futhi ingane ikwazi ukuzethemba ezifundweni. Kungakho uHulumeni ehlale eqhamuka nezinhlelo ezithile zokwenza ukuthi lokhu kube lula.

*Baba Meya,*

IsiFunda saseMkhanyakude singezinye ezidonsa kanzima ngokuswelakala kwamathuba omsebenzi, izimboni, amanzi,

ingqalasizinda futhi singezinye ezinkulu lapho abantu bakhe khona ngokwehlukana – sparsely populated.

Lokhu kulomthelela omkhulu kwimpilo-nhlala yabantu baseMkhanyakude. Lomthelela uze ubnakale nakwimpilo yengane yaseMkhanyakude. Izingane eziningi ziqhamuka emakhaya ampofu futhi angakwazi ukuhlangabezana nezidingo ezithile ngenxa yakho belu ukuswelakala kwamathuba nokungaqashwa kwabazali. Lokhu kwenza ingane ingasebenzi ngomfutho ofanele ezifundweni zayo.

Amanye amakhaya esiqhamuka kuwona abazali nabafowethu nodadewethu abasebenzi. Amanye amakhaya aphila ngezimpesheni zabo ogogo nomkhulu noma ngezibonelelo eziqhamuka eMnyangweni wezokuThuthukiswa koMphakathi **(Social Development**). Amanye amakhaya aphethwe yibona abantwana ngoba akusekho muntu omdala nonakelelayo.

Zonke lezinto zisho ukuthi ezinye izidingo zesikole asikwazi ukufinyelela kuzona. Lokhu kubeka umthwalo nengcindezi enkulu nakubona othisha okumele nabo bazithole sebenakekela ingane ethile ukuze ifane nezinye.

Ayikho ingane kumele ifunde ingafake lutho oluya ngasesiswini. Kungakho uHulumeni lona aqala uhlelo lokuthi abantwana baphekelwe ezikoleni badle ngaphans kohlelo lwe***National School Nutrition Programme (NSNP)*** ezikoleni zamabanga aphansi naphakathi oludla **uR7 billion** ngonyaka kuzwelonke. Njengokumemezela kwami kwisabelo-mali ngishilo ukuthi loluhlelo luzodla R1.9 billion kulonyaka nje uwodwa ukusiza ukondla abafundi abangu 2,5 million kwizikole ezihlonzwe njengo quintile 1 kuya ku 3. Siphinde sikhuthaze izikole namakhaya nje jukelele babe nezingadi lapho sitshala sizikhulisele ukudla kwethu.

Asizishiy-ke bazali ngaphandle ezokuphepha futhi sithe sizoqhubeka siwuHulumeni noMnyango wezeMfundo ukuqinisekisa ukuphepha kwabantwana ezikoleni ngokuthi siqashe onogada abavolontiyayo abangu 2 769

Okubalulekile kakhulu futhi esize ngakho namuhla ukuthi sigcizelele ukuthi ayikho ingane okumele ifunde noma ize esikoleni ihlubule ingenayo inyumfoma nomfaniswano osesimweni. Zonke lezizinto zinika umfutho nokuzethemba enganeni. Uma ingane idlile yagqoka ngendlela efanele, lokho kuyayenza ukuthi ibe nokuzethemba okukhulu futhi ikwazi ukwamukela kalula izifundo eklasini.

Ngaphansi kohlelo luka-**Operation Sukuma Sakhe (OSS)** kumaWardi ehlukene siba nalokhu esikubiza ngama-War Room lapho sidingida khona izindaba zentuthuko emiphakathini yethu. Kuyangithobisa ukuthi nami ngibe isithunywa sikaOSS esiFundeni soThukela kanti lapha kulesiFunda saseMkhanyakude uShampeni wakhona uNdunankulu uKhuzeni, uBaba uSihle Zikalala.

Kulendawo-ke esiyibiza ngama War Room kulapho sikwazi ukuthola khona ngezinkinga ezikhona emphakathini; kungabe ezemfundo, ezenhlalakahle, ezentuthuko kaMaspala neziFundazwe, ezokuphepha, ezolimo noma ezokuhlaliswa kwabantu. Siyalalela bese sithatha izinqumo zokusiza ngendlela esheshayo ngoba siyazi kunezidingo eziphuthuma kakhulu. Kukhona izidingo ezingeke zikwazi ukulinda ukuthi size sibe nezinhlelo zokuhambela leyondawo kodwa kumele sikhaphuzele sisize khona lapho. Yiyona-ke lena indima edlalwa ngu-OSS.

Ngeke siyeke ukuhambisa phambili siqhakazise ezeMfundo ezemfundo ngoba siyazi ukuthi kuthiwa: *“kuthatha isigodi sonke ukufundisa ingane*” ***(it takes a whole village to educate a child***). Lokhu kungumsebenzi wethu sonke singuHulumeni, imiphakathi, izikhungo ezizimele nezinkampani ukuthi sifundise ingane ibe ilokhu okulindelwe umhlaba.

Kungakho namuhla silapha bothisha ukuze abantwana bethu bazuze ngokusebenza kwethu. Angeke ngigeqe amagula ngiba angemuki. Ngiyathanda ukubonga kakhulu ukusihlonipha nikwazi ukuza lapha ukuze namukele lokhu okuncane okungumnikelo wethu.

Isicelo sami ukuthi niyiphathe kahle bantwana i-*uniform,* niyinakekele ngoba siyazi ukuthi ayisizi nje nina kuphela kodwa isiza nabantwana abanelamayo iphinde isize nengane kamakhelwane eza emuva uma ingasakulingani wena ngoba siyakhula. Uma ubuya esikoleni uyibeke kahle, uma libalele ingcolile uyiqashe uyineke. Ungabonakali usudlala ngayo ngezimpelasonto.

Siyethemba ukuthi kuzohamba ibanga elide kuqinisekise ukuthi ukufunda kwezingane zethu kuyaqhubeka futhi kuba semqoka.

Siyabonga.